“impilo yezemvelo” kusho isimo noma uhlobo lwezindaba ezimayelana nokuthinteka kwemvelo, noma esinamandla okuthinta ingqondo, umzimba kanye nokuhlalisana kanye nenhlalakahle yabantu;

“Isikhungo Sezemvelo” kusho Ingxenye yomasipala ebhekene nokuhlinzeka Izinsiza zezeMpilo zikaMasipala;

“umcimbi” kusho imicimbi yemidlalo, yokuzijabulisa, yokungebeleka, yenkolo, yesiko, eyombukiso noma umcimbi wenhlango noma into efanayo ebanjelwe esitediyamu, esikoleni, endaweni noma endleleni noma ngaphakathi kwendawo;

“Abosizo Lokwelapha Emcimbini” kusho inhlango ezinikele, egcwele yaphinde yahlonyiswa ukusebenzisa i-ambulense noma imoto ephuthumayo ukuhlinzeka ngosizo oluphuthumayo emibuthweni yabantu abaningi noma emicimbini enobungozi obukhulu;

“Umhlinzeki Wezokwelapha Emcimbini” kusho umuntu olaphayo noma inhlango okuqokwe umhleli womcimbi ukuthi aphaathe ezokuhlinzekwa noma ukudidiyela ezempilo kanye nezokwelashwa zomcimbi;

“umhleli womcimbi” kusho umuntu ohlela, ophethe umcimbi noma ophethe amalungelo abaxhasi, noma olawula noma onentshisekelo yokuphatha umcimbi;

“owosizo lokuqala” kusho umuntu onesitifiketi neZinga lesi-3 ngokuqeqeshwa wumhlinzeki wokuqeqesha osemthethweni obhalise noMnyango wezabaSebenzi futhi oziqo zakhe ezisemthethweni ezamanje;

“ingozi” kusho isehlo esingakwazi ukwenza umonakalo noma isehlakalo, umkhuba noma isenzo sabantu (noma konke lokhu) okungadala ukulahleka kwempilo, umonakalo wempahla, ukuphazamiseka kwezokuhlala kanye nezomnotho noma ukucekelwa phansi kwemvelo;

“Inhloko yoMnyango” noma “i-HOD” kusho isikhulu esiphethe umnyango wezeMpilo esifundazweni;

“I-HPCSA” kusho uMkhandlu Wobuchwepheshe Bezempilo eNingizimu Afrika owasungulwa ngokwemigomo yesigaba sesi-2 se-*Health Professions Act, 1974 (Act No. 56 of 1974)*;

“Abahloli” kusho ikomidi eliqokwe uMphathi Wezosizo Oluphuthumayo Esifundazweni ngokwemigomo yomthethosimiso we-10(1);

“isigameko esikhulu” kusho isigameko esidinga kuqaliswe izinhlelo ezingejwayelekile ngabezimo eziphuthumayo;

“isigameko sokulimala kweningi” kusho isigameko lapho kudingeka izinsiza zezempilo kanye ezekwelapha ngenxa yesibalo, izinga, uhlobo noma indawo lapho kwenzeka khona izigameko;

“umhlanganoweningi” kusho umcimbi lapho kulindeke ukuthi uhanjelwe abantu abangaphezu kwe-1 000 ngesikhathi esisodwa nganoma isiphi isikhathi esinikiwe;

“isikhungo sokwelapha” kusho isakhiwo, sikanomphela noma sesikhashana, esigcwaliswe saphinde sahlonyiswa ukuhlinzeka ngosizo lokuqinisa, ukusiza izimpawu kanye nezinga elithile lokwelashwa okuqondile kweziguli ezigulayo noma ezilimele;

“umdidiyeli wokwelapha” kusho umuntu owelaphayo oqokwe umhlinzeki wosizo lokwelapha ukuthi aphanthe ukudidiyelwa kwezosizo lwezempilo kanye lokwelapha emcimbini;

“isikhungo sokwelapha” kusho isakhiwo noma isikhungo sokwelapha;

“abasebenzi bokwelapha” kusho ungcweti wezokulapha, inesi elibhalisile Lokunakekela kokuqala, abasebenzi bezosizo oluphumayo noma abosizo lokuqala;

“isakhiwo sokwelapha” kusho isikhungo, sikanomphela noma sesikhashana, sigcwaliswe saphinde sahlonyiswa ukuhlinzeka ukwelapha iziguli ezigulayo kanye nokwelashwa kokugula okuncane;

“owezimo eziphuthumayo” kusho umuntu obhalisile ukuba njalo neHPCSA ngokwemigomo ye-*Health Professions Act, 1974 (Act No. 56 of 1974)*;

“indawo eklanyiwe” kusho indawo eklanyiwe eqokelwe ukukala ukuhamba komphakathi jikelele noma isimunyamina futhi edinga ithikithi noma imvume ukuze ukwazi ukungena kuyo;

“uMhlengikazi obhalise Ukunakekelwa Kokuqala Kwezempilo” kusho umuntu obhalisele ukuba njalo noMkhandlu wobuHlengikazi eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuhlengikazi, 2005 (uMthetho No. 33 wezi-2005);

“ingozi” kusho izinga lokuthi kwenzeka ingozi noma ukulahlekelwa (ukufa, ukulimala, ukulimala kwempahla, ukuphazamiseka komsebenzi noma ukucekelka phansi kwezemvelo) okwenzeka ngenxa yokubandakanyeka phakathi ezimweni eziyingozi, ngobuningi;

“SAPS” kusho Uphiko Lwamaphoyisa eNingizimu Afrika olwasungulwa ngokwemigomo yesigaba sesi-5 soMthetho wezaMaphoyisa eNingizimu Afrika, we-1995 (uMthetho No. 68 we-1995);

“ukuhlolwa kwengozi” kusho uhlelo lokuhlola ubungozi, obaziwayo kanye nobuhlawumbiselwayo, ukunquma izinga lobungozi noma ukulahleka;

“indawo” kusho noma iyiphi indawo lapho kuzobanjelwa umcimbi khona, engafaka phakathi isakhiwo esizinzile noma sesikhashana, izihlalo zezibukeli, zabakhona noma izihlewele, inkundla yezemidlalo noma isiteji esizinzile noma sesikhashana noma indawo yezokungebeleka; kanye

“isikhungo esilawula indawo” noma “i-VOC” kusho isakhiwo esizinziile noma sesikhashana esiphakathi endaweni yomcimbi, lapho izindlu ziyisikhungo zokulawula ukusebenza okufaka phakathi ukusebenza kwezikhungo eziningi, okufaka phakathi kodwa okungakaliwe yi-SAPS, Amaphoyisa Omasipala Omkhulu, Amaphoyisa omgwaqo, ezomlilo, izinkampani zonogada, ezosizo oluphuthumayo, abezokuphathwa kwezinhlekelele, nezinye izinsiza ezifanele zomasipala, abagqugquzeli, abaphathi bendawo kanye nabanye ababandakanyekayo.

Indlela yokufaka isicelo

2. Indlela isebenza –

- (1) umuntu noma inhlangotho efisa ukuba nomcimbi ozohanjelwa yisixuku esingaphezu kwe-1 000 sabantu abayizibukeli noma ababambe iqhaza, nganoma yisiphi esinikiwe, kumele ahambisane nale Mithethozimiso;
- (2) laphoumcimbi onabantu abangaphansi kwe-1 000 abayizibukeli uthathwa Njengonobungozi, ukuhlolwa kobungozi kumele kwenziwe umuntu noma inhlangotho onesifiso sokuba nomcimbi onjalo futhi kuhlinzekwe ngezinsiza zezempilo kanye nezokwelapha ezifanele, lapho kuvezwe khona.

Imisebenzi yomhleli womcimbi

3. Abahleli bomcimbi kumele –

- (1) ngaphezu komthethosimiso wesi-7(1), kumele bahlole ubungozi bomcimbi;
- (2) ekuxoxisaneni nomhlinzeki wezokwelapha womcimbi, balungise izinhlelo ukuveza isakhiwo sendawo, izindawo zokungena kanye nokuphuma, izindlela zezimo eziphuthumayo, izakhiwo zokwelapha kanye nezindawo zokusiza abalimele, ukubekwa kwezindlu zangasese, izitolo zokudayisa, kanye nendawo yokupaka;
- (3) ukuqinisekisa izimfuneko zokwelashwa njengendawo yokungena abe-EMS kanye ngezindlela zokuphuma, izindawo zokupaka, izakhiwo zokwelapha, indawo kanye ngesikhathi okuzohlenganwa ngaso kanye nezindawo zokusiza abalimele ezihlollisiwe futhi zisezindaweni ezifanele futhi okufinyeleleka kalula kuzo;
- (4) zonke izindleko zokuhlinzeka zonke izinsiza zezempilo kanye nezokwelapha zomcimbi zibe umthwalo wabo;
- (5) baqoke umhlinzeki wokwelapha womcimbi onemvume ngokwemigomo yeMithethozimiso Yezimo Eziphuthumayo Zokwelapha futhi imisebenzi yakhe ifake umsebenzi wezempilo kanye nowezokwelapha emcimbini;

- (6) ukuqinisekisa ukuthi umhlinzeki wezokwelapha emcimbini unesipiliyoni ekuphatheni kwemicimbi efanayo;
- (7) uma kunesidingo, bathinte umphathi we-EMS esifundazweni mayelana nokuhlinzekwa kwezinsiza zokwelapha eziphuthumayo emcimbini;
- (8) ukumema umphathi we-EMS esifundazweni ukuba athamele yonke imihlangano yokuhlela;
- (9) ukuqinisekisa ukuthi okungenani isikhungo sokwelapha esisodwa sikhona ukusetshenziswa ababukela kanye nababambe iqhaza;
- (10) lapho umcimbi uthatha ngaphezu kwamahora ama-4, baqinisekise ukuthi kunendawo eseceleni yokuhlola, abazoyithola kalula abasebenzi bezempilo;
- (11) ukuqinisekisa ukuthi izimpawukanye nezinkombandlela kucacile, bayatholakala ukuqokwa kwesakhiwo sokwelapha. Izimpawu kumele zihambisane nezimfuneko ezifanele zazo zonke izingxenye zemiqulu ye-SANS 1186 kanye ne-SANS 7001; kanye
- (12) bathintanenesiKhungo sezeMpilo yezeMvelo mayelana nezinto zezempilo yezemvelo.

Imisebenzi yomhlinzeki wezokwelapha emcimbini

4. Umhlinzeki wezokwelapha emcimbini kumele –

- (1) abe nemvume yokwenza njalo ngokwemigomo yeMithethozinqumo Yezimo Eziphuthumayo;
- (2) ahlinzeke ngokuphatha okufanele kanye nokusentshenziswa kwesakhiwo ukuhlinzeka ngezokwelapha eziphuthumayo emcimbini;
- (3) aqoke ozomela ukulapha okumele athamele imihlangano yokuhlela ebanjwa ngaphambi komcimbi ukusebenzisana nabob onke ababambe iqhaza nabadlala indima emcimbini;
- (4) enze ukuhlola okujulile kobungozi bezimfuneko zezempilo kanye nezokwelapha zomcimbi, okufaka phakathi ithuluzi lokuhlola ukuphathwa kwengozi kanye nokuhlolwa kwendawo okuzobanjelwa kuyo umcimbi, ukubona obunye ubungozi baleyo ndawo, obungaba nomthelela enanini kanye nohlobo lwabasebenzi bezempilo, izimoto kanye nemishini okuzothunyelwa emcimbini;
- (5) ahambise ukuhlolwa kobungozi kanye nohlelo lokusebenza kwezempilo kanye nezokwelapha emcimbini kumphathi we-EMS esifundazweni ukuthi anike imvume, okungenani emavikini ayisi-6 ngaphambi komcimbi;
- (6) aqoke umxhumanisi wokwelapha endaweni, uma kunesidingo, ukuze asebenzise ithuluzi lokuhlola ubungozi ukwengamela ukusetshenziswa kwezihlinzeko zezempilo kanye nezokwelapha ngesikhathi sonke sokuthunyelwa kwazo;

- (7) aqinisekise ukuthi izibhedlela eziqokiwe zitsheliwe ngosuku, isikhathi kanye nohlobo lomcimbi;
- (8) athwale umthwalo wokwelapha zonke iziguli ezidinga ukwelashwa noma ezilimele emcimbini kanye nokuthatha ayise esibhedlela noma yisiphi isiguli, uma kunesidingo;
- (9) lapho isiguli sihanjiswe ngemoto, aqinisekise ukuthi abasebenzi kanye nemoto esentshensisiwe kuyafakwa esikhaleni esikhathini esiyimizuzu engama-30;
- (10) aqinisekise ukuthi omele ezokulapha ubekwe ku-VOC ukuze asebenzisane nabanye ababambe iqhaza ngesikhathi somcimbi;
- (11) agcine wonke amarekhodi okwelashwa eziguli eyimfihlo, kanye namarekhodi ezinto ezenzekile emcimbini ezihambisana nokwelashwa nezezempilo ebhukwini;
- (12) ukuqinisekisa ukuthi imfucuzo yokulapha ilahlwa abasebenzi ngokuhambisana nomthetho-simiso okhona;
- (13) uma kwenzeka emcimbini kuba kunezigameko ezi-2 noma ngaphezulu ezisolakalayo zokufakwa koshevu ekudleni, abike Eziphathimandleni Zezempilo Yezemvelo ngokushesha ukuze kuzokwenziwa uphenyo;
- (14) ahambise umbiko ofinqiwe kumphathi wendawo, kumhleli womcimbi kanye nomphathi we-EMS esifundazweni, ezinsukwini zokusebenza eziyi-7 emuva komcimbi;
- (15) aqoke uMxhumanisi Wokwelapha Endaweni umsebenzi wakhe okuzoba ukwengamela ukusetshenziswa kokuhlinzekwa kwezempilo kanye nokwelapha emcimbini kanye nokumela umhlinzeki wezinsiza eKomidini Lokuhlela Ezokuphepha Emcimbini kanye ne-VOC okukhulunywe ngayo, ngokulandelana, esigabeni se-15 kanye nese-17, woMthetho Wezokuphepha Emcimbini Yezemidlalo kanye Nokungcebeleka, wezi-2010 (uMthetho No. 2 wezi-2010);
- (16) uhlelo lokusebenza okukhulunywe ngalo kumthethosimiswana wesi-4(4) kumele lube ne-
- uhlaka lomialelo kanye nokulawula
 - uhlelo oluneminingwane lokuxhumana, ngokusebenzisa izindlela zombili zemisakazo kanye nomakhalekhukhwini, kanye nokufaka nanoma yiluphi uhlobo lokuxhumana olukhona endaweni yomcimbi, njengokuba kufanele;
 - inani kanye nohlobo lwezinsiza okumele zithunyelwe (izimoto, imishini kanye nezisebenzi);
 - abasebenzi abanamasu kanye nesheduli yokuthunyelwa kwemoto;
 - inqubo yokusebenza emisiwe yokuthwalwa kweziguli;

- f. izindlela zokungena kanye nzokuphuma zezimoto zezimo eziphuthumayo zokwelapha;
- g. indawo eqokiwe lapho okuzohlala khona indiza, uma kunesidingo;
- h. ukuqokwa kwezibhedlela okuzohanjiswa kuzo iziguli, kanye
- i. indawo yohlelo lokusebenza uma kwenzeka kulimala iningi.

Imithetho wesikhungo sokwelapha

5. Izihlinzeko zomthetho zesikhungo sokwelapha zikanje –

- (1) okungenani Isikhungo Sokwelapha esi-(1) kumele sakhwiwe koze zonke izindawo zokubamba imicimbi ezosetshenziswa abasebenzi bendawo, ababambe iqhaza kanye nomphakathi wonke wonke uma umphumela wokuhlolwa kobungozi wedlula ama-39;
- (2) uma ubungozi bungaphansi kwama-40 okungenani Isikhungo Sokwelapha esisodwa kumele sakhwiwe;
- (3) emcimbini lapho ababambe iqhaza behlukanisiwe nabahloli, ngezizathu zokuphepha, isikhungo sokwelapha esehlukile kumele sihlinzekelwe ababambe iqhaza;
- (4) ezinye isikhungo ezengeziwe zingaba khona ngaphakathi endaweni yomcimbi okuncike ebukhulwini kanye nesakhwiwo sendawo, noma uma kukhona indawo encane Yesikhungo Sokwelapha okuyisisekelo;
- (5) Isikhungo Sokwelapha kumele simakwe ngokugqamile, imiyalelo egqamile futhi sitholakale kalula;
- (6) indawo yokungena Yesikhungo Sokwelapha kumele kungeneke kalula kuzo abahamba ngezihlalo ezinamasondo;
- (7) Isikhungo sokwelapha kumele kube lula ukungena kuso ama-ambulensi uma ezosiza ngokuthatha izise esibhedlela.
- (8) izindawo zokukhanyisa kanye nepulagi kumele zihambisane namaZinga kaZwelonke eNingizimu Afrika akhona;
- (9) Isikhungo Sokwelapha ngasinye kumele okungenani sibe nendawo yokugeza enamansi ahlanzekile;
- (10) izindawo zokulahlala imfucuza kumele zibe khona kuzo zonke izindawo ukuze kulahlwe noma iyiphi imfucuza, engenabo ubungozi kanye nenobungozi ukusiza ukuhlukanisa okufanele kokulahlwa kwemfucuza kanye nokokuphatha okuncane okukhona kumele kusetshenziswe;
- (11) ubukhulu besiKhungo Sokwelapha kumele buncike inanini labantu abakwazi ukuthwalwa yisitediyamu;

- (12) imvume kumele yenziwe ngokuthi okungenani umbhede owodwa kubabambi qhaza abangayizi-10 000, noma Ingxenywe yabo;
- (13) okungenani umbhede owodwa kumele uhlinzekwe njengombhede wokusiza umuntu ukuthi aphefumule nendawo yokwelapha okungenani engama skwe mitha eyi-9;
- (14) yonke imibhede kumele nendawo yokwelapha okungenani engama skwe mitha ama-4 umbhede ngamunye;
- (15) inani lemibhede yokusiza abantu ukuthi baphefumule kumele yandiswe uma kwanda ubukhulu bomcimbi, umbhede owodwa kwemihlanu uqokelwe ukusiza abantu ukuthi baphefumule;
- (16) Isikhungo Sokwelapha kumele sibe nalezi zindawo eziqokiwe:
 - a. Indawo yokwamukela;
 - b. Indawo yokwelapha ngokwejwayelekile;
 - c. Indawo yokusiza ngokuphefumula;
 - d. Indawo ephe[hile yokucina imithi kanye nemishini;
 - e. Izindawo zokugeza imishini yokwelapha esebenzile, uma kungenzeka; kanye
 - f. Ibdlu yangasese eseduze.
- (17) Isikhungo Sokwelapha kumele sihlinzekwe nezokunakekela eziphuthumayo ezanele kanye nemishini nezinto zokwelapha ezifanele izinga lomhlinzeki wezeMpilo osebenzayo kanye nohlobo kanye nenani elifanele lomcimbi obanjiwe;
- (18) Imishini nezinto zokwelapha kumele zibe izandiso zalezi eziqokethwe ama-ambulense asetshenziselwa umcimbi; kanye
- (19) Isakhiwo sokwelapha kumele siqokwe endaweni okungabhenyelwa kuyo.

Ukuhlinzekwa kwezokwelapha eziphuthumayo emcimbini

6. izihlinzeko esilandelayo kumele zisebenze –

- (1) ukuhlolwa kobungozi kumele kwenziwe kuyo yonke imicimbi;
- (2) ukuhlolwa kobungozi kumele igxile ohlobeni lomcimbi, inani labahloli njll. njengokuba kubaliwe kusiThasiselo B esibeka Indlela yokubala inani elincane kanye nesiThasiselo C esibeka amazing ezinsiza ezidingekayo zokuphathwa komcimbi;
- (3) izibalo azifaki ikhava yokwelashwa kwezicubuthwane;
- (4) ikhava yokwelashwa yababambe iqhaza emcimbini wezemidlalo kumele isuselwe enkombandleleni ehlinzekwe igatsha lezemidlalo elifanele ngokuhlanganyela noMnyango wezeMpilo ofanele;

- (5) Isithasiselo B, Ithebula loku-1 kumele lisetshenziswe ukufaka umphumela ngokubheka uhlobo lomcimbi;
- (6) njengoba umcimbi owodwa ungaba nobungozi obahlukene, ingozi ngayinye kumele ihlonzwe bese ingozi enomphumela omkhulu kumele ifakwe ngokufane;
- (7) Isithasiselo B, Ithebula lesi-2 kumele kusetshenziswe ukuhlola ubuhlakani bomcimbi;
- (8) Isithasiselo B, Ithebula lesi-3 kumele kusetshenziswe ukucabangela noma yizinto ezingaba izongezo;
- (9) Isithasiselo C kumele sisetshenziswe ukuveza izimfuneko zokuqala zezinsiza;
- (10) ngaphansi kwaleyo naleyonto kumele kufakwe inani elifanele lomcimbi okumele uqokwe;
- (11) izibalo:
 - a. ukubala umphumela womcimbi usuwonke, kuhlanganiswe Imiphumela yonke kuSithasiselo B, iThebula lesi-4 ukunika Imiphumela isiyonke yomcimbi;
 - b. ukusebenzisa inani ekubalweni kuSithasiselo B, iThebula lesi-4 ukulinganisa izinga elincane lezinsiza eziveziwe zomcimbi (Bheka iSithasiselo C ukubheka izinga elincane lemfuneko lezinsiza);
 - c. inani lisho inani elincane lezinsiza okumele libe khona emsebenzini nganoma yisiphi isikhathi uma kwenzeka umcimbi futhi hhayi inani labasebenzi elandayo elithunyelwe ngesikhathi sokwenzeka komcimbi; kanye
 - d. emicimbini lapho i-VOC isunguliwe, umkhuzi wokwelapha we-VOC kumele abambe iqhaza ekuhlanganisweni komcimbi;
- (12) ngaphansi kohlobo lwama-BAAs angeyona ingxenye yethimba le-ambulense, kuvumelekile ukuthi kusetshenziswe ivolontiya elineziqu zosizo lokuqala izinga lesi-3 ezingeni eliphezulu elingama-75% lenombolo ebikezelwe ama-BAAs.

Imisebenzi womphathi we-EMS esifundazweni

7. Umphathi we-EMS esifundazweni –

- (1) kumele avumele ukuhlolwa kobungozi bomcimbi kanye nezinhlelo zokusebenza kwezokwelapha emicimbini okumele kuhanjiswa kuye okungenani emavikini ayi-6 ngaphambi kokwenziwa komcimbi;
- (2) engahlanganisa umhlangano wangaphambi komcimbi nomhleli womcimbi kanye nomhlinzeki wezokwelapha eziphuthumayo emicimbini ukuhlolisisa ukuhlolwa kobungozi bomcimbi kanye nohlelo lokusebenza, uma kuthathwa ngokuthi akwenele ngokobukhulu kanye nohlobo lomcimbi;
- (3) engafaka endaweni yenani lomfaki wesicelo lokuhlolwa kobungozi ngenani lakhe ngokususela ekuhlolweni kwesicelo;

- (4) uma ubungozi bokubamba umcimbi buthathwa njengobulimazayo empilweni yabahloli noma nababambe iqhaza, okungaba yongabibikho kahle kwezinsiza zokwelapha kanye nezokwelapha, noma ngenxa yohlobo lomcimbi, umphathi we-EMS esifundazweni -
- a. angandisa noma alethe umhlinzeki wezokwelapha emcimbini endaweni yalona okhona ngabasebenzi be-EMS esifundazweni, izimoto kanye nemishini, zonke izindleko kusengezomhleli womcimbi;
 - b. adlulise isicelo sokwenza umcimbi ku-SAPS noma Isikhungo Sokuphathwa Kwezinhlekelele esifanele ukuthi bamise umcimbi kuze kuba yisikhathi lapho amaphutha lawo ayalungiswa noma;
 - c. adlulise isicelo sokuba nomcimbi ku-SAPS noma Isikhungo Sokuphathwa Kwezinhlekelele esifanele ukuchitha umcimbi;
- (5) uma umphathi we-EMS esifundazweni edlulisela isicelo sokuba nomcimbi ku-SAPS noma Isikhungo Sokuphathwa Kwezinhlekelele esifanele ukuze umiswe noma uchithwe, umphathi we-EMS esifundazweni kumele, ezinsukwini eziyi-10 zokusebenza zokumiswa noma ukuchithwa komcimbi, azise umhleli womcimbi, ngokubhala, ngokumiswa noma ukuchithwa komcimbi kanti ilungelo lomhleli womcimbi lokuthi akhalaze ngokungahambisani kwakhe nesinqumo sokumiswa noma ukuchithwa komcimbi ngokwemigomo yomthethosimiso se-13;
- (6) umphathi we-EMS wesifundazwe kumele aqinisekise ukuthi uhlelo lokusebenza luqalisiwe ngokugcwele;
- (7) uma uhlelo lokusebenza lingaqaliswanga ngokufanele ngenxa yokungaphelele kwenani kanye namazinga eziqubasebenzi be-EMS, ukuntuleka kwezikhungo zokwelapha noma ukungabi nenani eliphelele lezimoto zezimo eziphuthumayo, ukuphakwa kwezokwelapha kanye namathuluzi okwelapha, umphathi we-EMS esifundazweni angadlulisela udaba ku-SAPS noma Isikhungo Sokuphathwa Kwezinhlekelele esifanele ukuthi bamise umcimbi kuze kube amaphutha ayalungiswa;
- (8) umphathi we-EMS esifundazweni angadlulisela umsebenzi wokuvumela uhlelo lokusebenza lomcimbi kumuntu ofanele ngaphakathi Esifundazweni noma Kwezezimo Eziphuthumayo Zokwelashwa.

Isicelo sokuvunyelwa

8. Isicelo sokuvunyelwa komcimbi –

- (1) kumele sihanjise kumphathi we-EMS wesifundazwe, efomini elinqunyiwe (iSithasiselo A), okungenani amasonto ayi-6 ngaphambi kosuku lomcimbi;

- (2) kumele sihambisane nemiqulu edingekayo esekelayo njengokuba kubekiwe efomini lokufaka isicelo;
- (3) kumele isicelo silethwe ngesandla noma ngeposi elibhalisiwe noma iposi lobuchwepheshe; kanye
- (4) singahoxiswa nganoma yisiphi isikhathi ngaphambi kokuthi sihlolwe umphathi we-EMS esifundazweni.

Ukudluliswa kwesicelo

9. Ekutholweni kwesicelo, umphathi we-EMS esifundazweni kumele-
 - (1) inike umfaki sicelo, ngeposi elibhalisiwe noma imeyili, ukumazisa ngokutholwa kwesicelo sakhe, lokhu okuveza usuku isicelo esatholakala ngalo;
 - (2) ukubuyezwa kwesicelo ukunquma ukuthi ingabe sigcwaliswe kahle yini noma alukho yini ulwazi okufanele lwengezwe;
 - (3) uma umbono wakhe uthi ifomu lokufaka isicelo, njengokuba kukhulunywe ngalo eSithasiselweni A, igcwaliswe kahle, kumele, uma kunesidingo, aqoke Umhloli ukuthi ahloke indawo yomcimbi okukhulunywe ngayo;
 - (4) uma umphathi we-EMS esifundazweni enombono wokuthi ifomu aligcwalisiwe kahle, noma khona ulwazi okufanele lufakwe, kumele atshele umfaki wesicelo ngokungapheleli kwesicelo sakhe aphinde acele ukuthi umfaki wesicelo ukuthi agcwalise kahle ifomu lesicelo noma alethe ulwazi oludingekayo ngosuku oluthile;
 - (5) uma umfaki wesicelo engaphumeleli ukugcwalisa ifomu lokufaka isicelo kahle noma ukuletha ulwazi oludingekayo ngosuku olubekiwe umphathi we-EMS esifundazweningokwemigomo yomthethosinqunyana se-(4), umfaki wesicelo uzothathwa njengosihoxisile isicelo sakhe;
 - (6) umphathi we-EMS esifundazweni kumele asebenzise izincomo soMhloli, uma kufanele, bese enza isinqumo;
 - (7) umphathi we-EMS esifundazweni, ngaphambi kokuthatha isinqumo ngokwemigomo yomthethosinqumonyana, engabuyisela isicelo kuMhloli ngenhloso/izinhloso, uma uMhloli wayeqokiwe, ukuze anikeze izincomo;
 - (8) uma umphathi we-EMS esifundazweni sibuyisela emuva isicelo ukuthi sibuyezwe, uMhloli kumele enze isincomo sakhe sokugcina esicelweni esinjalo;
 - (9) umphathi we-EMS esifundazweni kumele athathe isincomo sokugcina bese enza isinqumo;
 - (10) Umphathi we-EMS esifundazweni, ezinsukwini eziyi-15 zokusebenza ethole isicelo, kumele enze isinqumo bese azise umfaki wesicelo, ngokubhala, ngesinqumo; futhi

- (11) uma umphathi we-EMS esifundazweni esenqaba isicelo, kumele enikezele ngezizathu zokwenqaba futhi azise umfaki wesicelo ngelungelo lakhe lokukhalazela isinqumo ngokwemigomo yomthethosinqumo we-13.

Ukubunjwa kanye nemisebenzi yabaHloli

10. ukubunjwa kanye nemisebenzi yabaHloli injengokulandelayo-

- (1) abaHloli, uma beqokiwe, kumele okungenani kube namalunga alandelayo:
- a. uMhlanganisi Wemicimbi we-EMS esifundazweni noma izithunywa zakhe;
 - b. uMphathi we-EMS esifundeni noma izithunywa zakhe; kanye
 - c. noMhlanganisi weNdawo yokweLapha oqokwe ngokwemithethozimiso ye-4.
- (2) abaHloli kumele, ekutholeni isicelo, bathinte umfaki wesicelo ukunquma ilanga lokuhlola;
- (3) uma umfaki wesicelo engaphumeleli ukuhlinzeka ngosuku lokuhlola kubaHloli ezinsukwini ezintathu zokusebenza kusukela osukwini lapho umfaki wesicelo ecelwe ukuthi enze njalo, umfaki wesicelo kumelwe athathwe njengosihoxisayo isicelo sakhe;
- (4) uma beqokiwe, abaHloli, ngokusebenzisa umphathi wokuhlola, bahlole endaweni okuzobanjelwa kuyo umcimbi bese behambisa umbiko obhaliwe, ngabakutholile ngenkathi behlola, kumphathi we-EMS esifundazweni;
- (5) abaHloli kumele benze isincomo ekuqedeni kwabo ukuhlola;
- (6) umfaki wesicelo unelungelo lobumfihlo, kumele ahlinzeke umphathi wabahloli:
- a. ngolwazi umphathi wabahloli angaludinga mayelana nomcimbi; kanye
 - b. nanoma yiluphi ulwazi olufanele ukuhlola ukuhambisana naleMithethosinqumo; kanye
- (7) ngenxa yelungelo lomfaki wesicelo lemihlo, umuntu akumele –
- a. nganoma iyiphi indlela, aphazamise Umhloli ekutheni ahlole;
 - b. anqabe ukunikela, olwazini lwakhe olugcwele, ngolwazi olufunwa umhloli; noma
 - c. anqabe, uma ecelwa Umhloli, ukuveza noma iyiphi imoto, umshini noma indawo, noma anqabe ukuvula ikhabethe noma indawo yokukugcina izinto.

Izincomo ezisuka kubahloli

11. Ngokulandela uphenyo, abaHloli bengancoma, kumphathi we-EMAS esifundazweni, ukuthi –

- (1) sivunyelwe;

- (2) sivunyelwe ngaphansi kwemibandela abaNhlobo abayithatha ngokuthi ifanele, okufaka phakathi kodwa okungakhawuli, indlela noma izinga lomsebenzi ozohlinzekwa i-EMS; noma
- (3) isicelo senqatshelwe.

Isinqumo somphathi we-EMS esifundazweni

12. Umphathi we-EMS esifundazweni

- (4) engavumela isicelo
- (5) avumele isicelo ngaphansi kwemibandela; noma
- (6) angasivumeli isicelo bese esho izizathu ngokubhala njengokuba zihlinzekiwe kumthethosimiso wesi-7(5).

Isikhalazo

13. Uhlelo lwesikhalazo likanjena –

- (1) umhleli womcimbi ofake isicelo sokuvunyelwa ukuthi abe nomcimbi futhi isicelo sakhe asangavunyelwa, noma isicelo sakhe sokuvunyelwa simisiwe noma sichithiwe ngokwemigomo yomthethomgomo sesi-7, ezinsukwini eziyi-10 zokusebenza zokukhishwa kwesinqumo, engafaka isikhalazo, ngokubhala, ku-HOD;
- (2) i-HOD kumele ihambise ikhophi yesikhalazokumphathi we-EMS esifundazweni;
- (3) umphathi we-EMS kumele emuva kwalokho ehambise impendulo mayelana nesikhalazo esifakwe umhleli womcimbi ku-HOD;
- (4) i-HOD ingaqoka abantu abangaba ba-3 abazimele futhi abafanele, abangebona abasebenzi boMnyango wezeMpilo esifundazweni leso noma abangewona amalunga abaNhlobo, ukuthi bayale i-HOD ngesikhalazo;
- (5) i-HOD ingaqinisekisa noma ingasivumeli isikhalazo futhi, odabeni lapho isikhalazo siqinisekisiwe-
 - a. singajikiswa isinqumo somphathi we-EMS esifundazweni bese bevumela isicelo; noma
 - b. uma kunesidingo, ishintshe isinqumo sokumisa noma sokuchitha isicelo sokuvunyelwa komcimbi;
- (6) isikhalazo kumele kuqedwe ngaso ezinsukwini eziyi-10 zokusebenza sitholiwe;
- (7) i-HOD kumele ikhulume ngesinqumo sesikhalazo kumfaki waso ngokubhala, uma isikhalazo singavunyelwe, inikeze izizathu zokungavunyelwa kwesikhalazo;
- (8) uma i-HOD ivumela isikhalazo, isinqumo, sihambisana nezizathu zesinqumo, kumele kumele kukhulunywe ngazo, ngokubhala, kumphathi we-EMS esifundazweni.

Amacala kanye nezijeziso


14. Umuntu owephula **imihlinzeko** yaleMithethozimiso unecala lokwenza njalo futhi engahlawuliswa, ekulahlweni yicala, engahlawuliswa noma abhadle ejele isikhathi esingedluli iminyaka emihlanu noma kokubili ukuhlawula kanye nokubhadla ejele.

Ukuchibiyelwa kwezimfuneko ezithile

15. UNGqongqoshe, engachibiyela izimfuneko okukhulunywe ngazo kusiThasiselo A, B kanye no-C, ngesaziso kusomqulu

Isihloko Esincane

(16) Le Mithethozimiso ibizwa ngeMithethozimiso Yezokunakekela Eziphuthumayo Emicimbini Ehlanganisa Abantu Abaningi



UDKT AARON MOTSOLEDI, MP

UNGQONGQOSHE WEZEMPILO

USUKU:

17/6/2017

ISITHASISELO A**ISICELO SOKUVUNYELWA UKUBAMBA UMCIMBI****Siya: Kumphathi we-EMS esifundazweni:**

Isifundazwe: _____**Imeyili:** _____**Ifasimeyili:** _____**Mnumzane/Nkosikazi**

Uyacelwauthole isicelo esingezansi ngokwemigomo yomthethosimiso wesi-9 weMithethozimiso Zokunakela Eziphuthumayo Emicimbini Ehlanganisa Abantu Abaningi, 2017.

ISIGABA SOKU-1 – IMININGWANE YOMCIMBI

1.1 Igama lomcimbi: _____

1.2 Uhlobo lomcimbi _____

1.3 Indawo umcimbi ozobanjelwa kuyo:
_____1.4 Inani lezibukeli elikwazi/ababambe iqhaza elikwazi ukuthwalwa yindawo yomcimbi eliqinisekiswa Yisikhungo Sendawo:
_____1.5 Ikheli Lendawo Womcimbi:

1.6 Izixhumanisi ze-GPS zendawo yomcimbi: _____

1.7 Usuku & nezinsuku zoMcimbi: _____

1.8 Isikhathi Sokuqaliswa Komcimbi
Esisheduliwe: _____

1.9 Ukuhlawumbisela ukuthi umcimbi uzothatha isikhathi esingakanani (isikhathi sokungena kwezibukeli/nababambe iqhaza ngesikhathi sokuvalwa kwendawo yomcimbi): _____

1.10 Isiteshi samaphoyisa e-SAPS esiseduze:

ISIGABA SESI-2 – ABANTU ABAPHETHE**2.1 Umhleli Womcimbi:****2.1.1 Imininingwane yokuxhumana:**

- Umuntu Okuxhumanwa Naye :

- iMayili: _____
- Inombolo Kamakhalekhukhwini.: _____ Inombolo Yocingo (yasehhovisi): _____
- Ikheli Leposi : _____
- Ikheli Lasekhaya: _____

2.2 Umnini Wesitediyamu/indawo:**2.2.1 Imininingwane yokuxhumana:**

- Umuntu Okuxhumanwa Naye:

- iMayili: _____
- Inombolo Kamakhalekhukhwini.: _____ Inombolo Yocingo (yasehhovisi): _____
- Ikheli Leposi: _____
- Ikheli Lasekhaya: _____

ISIGABA SESI-3 - ISIQINISEKISO

Mina/Thina, osayinile/abasayinile, siyaqinisekisa ukuthi:

- 3.1 Angikaze/Asikaze ngaphambilini ngi/sihambise **ISICELO SOKUVUNYELWA UKUBAMBA UMCIMBI ngokwemigomo YEMITHETHOZIMISO YEZOKUNAKEKELA EZIPHUTHUMAYOEMICIMBINI EHLANGANISA ABANTU ABANINGI;**
- 3.2 Ngi/Sihambise ukwahlukaniswa kobungozi Ophikweni Lwezamaphoyisa eNingizimu Afrika futhi sathola ukwahlukaniswa ukuthi sinobungozi obuncane/obumaphakathi/obuphezulu maqondana ngesicelo sami/sethu ngokuhambisana noMthetho Wokuphepha Emicimbini Yezemidlalo kanye Nokungcebeleka, wezi-2010 (uMthetho No. 2 wezi-2010). (Ubufakazi bokwahlukaniswa kobungozi obusuka Ophikweni Lwamaphoyisa Aseningizimu Afrika kumele inanyathiselwe);

- 3.3 ukhona umhlinzeki Wezokwelapha Emicimbini osemthethweni futhi oqeda kugunyazwa okuvunyelenwe ukuthi ahlinzeke izinsiza zokwelapha kanye nezempilo. (Ubufakazi bokugunyazwa njengokuba kusho iMithethozimiso Yezimo Eziphuthumayo Zokwelalapha kumele bunanyathiselwe);
- 3.4 Ngi/Siqalise uhlelo lokusebenza kwezezimo eziphuthumayo zokwelapha.

Ngokuka kanye endaweni ka- & ivunyelwe ngokufanele
(FAKA IGAMA ELIGWELE ELISEMTHETHWENI LOMHLELI WOMCIMBI LAPHA)

**ISIGABA SESI-4 – UKWAZISWA NGOKUTHOLA ISICELO SOKUVUNYELWA
UKUBAMBA UMCIMBI OHLANGANISA ABANTU ABANINGI**

UMFANEKISO WOMHLAHLANDLELA

Ihhovisi lomphathi we-EMS
esifundazweni
Ikheli

Iya:

Igama Lomhleli Womcimbi:

Ikheli:

Umcimbi:

Siyakubingelela

1. Mina, Umphathi Wezezimo Eziphuthumayo Esifundazweni osayine ngezansi, ngikwazisa ngokuthola isicelo sakho esatholakala zi _____ ukuthi kuvunyelwe ukuhlinzekwa Kwezokunakekela Eziphuthumayo Emcimbini Ohlanganisa Abantu Abaningi.
2. Isicelo sizodluliswa ngokuhambisana neMithethozimiso Yezimo Eziphuthumayo Zokwelalapha, wezi-2017
3. Uzotshelwa ngomphumela wesicelo sakho ezinsukwini eziyishumi zokusebenza.

Ngokuka kanye endaweni ka- & ivunyelwe ngokufanele
**(FAKA IGAMA ELIGCWELE ELISEMTHETHWENI LOMPHATHI WEZEZIMO
EZIPHUTHUMAYO ESIFUNDAZWENI LAPHA)**

ISIGABA SESI-5 – UMPHUMELA WENCWADI YOKUVUNYELWA KWEZOKUNA**UMFANEKISO WOMHLAHLANDLELA**

Ihhovisi lomphathi we-EMS
esifundazweni
Ikheli

Iya:

Igama Lomhleli Womcimbi:

Ikheli:

Umcimbi:

Siyakubingelela

1. Lapha uyaziswa ukuthi isicelo sokubamba umcimbi obalulwe ngenhla:

Sivunyelwe

Sivunyelwe ngaphansi kwemibandela elandelayo:

Senqatshelwe

Ungafaka isikhalazo ngalesi sinqumo eNhlokweni yoMnyango, ngokuhambisana neMithethozimiso Yezimo Eziphuthumayo Zokwelalapha, isigatshana se-13(1).

Izizathu sokwenqatshelwa zikanje:

Ngokuka kanye endaweni ka- & ivunyelwe ngokufanele

**(FAKA IGAMA ELIGCWELE ELISEMTHETHWENI LOMPHATHI WEZEMIMO
EZIPHUTHUMAYO ESIFUNDAZWENI LAPHA)**

ISIGABA SESI-6: UHLU YOKUQINISEKISA YOMPHATHI WEZEMO EZIPHUTHUMAYO ESIFUNDAZWENI

IgamaLomcimbi: _____

Uhlobo Lomcimbi: _____

Indawo Yomcimbi: _____

Ikheli Lendawo Yomcimbi: _____

Mona, Mphathi Wezimo Eziphuthumayo Esifundazweni osayine ngezansi, lapha ngiqinisekisa ukuthi ukuhlolwa kwenziwe emcimbini okukhulunywe ngawo ngenhla kanje:

1. Umcimbi ubanjelwe endaweni ehlangabezanezifuneko zesitifiketi sokulinganisa ubukhulu bobungozi ngokwemigomo yesigaba sesi-8 (4)soMthetho Wokuphepha Emcimbini Yezemidlalo kanye Nokungcebeleka, wezi-2010;

 Yebo Cha

2. Umhlinzeki Wezezimo Eziphuthumayo zokwelapha Emcimbini unawo umlando wemicimbi engaka;

 Yebo Cha

3. Umhlinzeki Wezezimpilo Eziphuthumayo Zokwelapha Emcimbini anabasebenzi kanye nemithi eyanele ukubhekelela inani lezibukeli/ababambe iqhaza kulo mcimbi;

 Yebo Cha

4. Inani lezibukeli/abambe iqhaza ezilindelekile ukuthi zathamele umcimbi, ngokomlando wezethameli emcimbini efanayo:

5. Isibikezelo sezulu sithi simo sezulu sizobe singesibi ngelanga lomcimbi. Isibikezelo sezulu sikhomba ukuthi isimo sezulu zisoba sikanje ngosuku lomcimbi:

6. Kuzoba nokulawulwa kokudayiselwa komphakathi utshwala endaweni ngokuhambisana ngokwemithetho ye-SAPS yendawo;

 Yebo

 Cha

7. Umhlinzeki Wokwelapha Emcimbini uzohlinzeka ngezinsiza zezempilo kanye nokwelapha okunzulu kulo mcimbi

 Yebo

 Cha

8. Kunomlando wokwenzeka kwesigameko esithile emcimbini efanayo uyake yabanjelwa endaweni efanayo esingaba nomthelela okuphepheni kwezibukeli/ababambe iqhaza emcimbini;

 Yebo

 Cha

9. Kuzokhangiswa/ ukudla kwamahhala kubabukeli/ababambe iqhaza ngesikhathi somcimbi;

 Yebo

 Cha

10. Ukuthi iminyaka yababukeli emcimbini isuka etsheni iya kwabadala

 Yebo

 Cha

11. Izicubuthwane zizobe zizothamela umcimbi

 Yebo

 Cha

Ngokuka kanye endaweni ka- & ivunyelwe ngokufanele
**(FAKA IGAMA ELIGWELE ELISEMTHETHWENI LOMPHATHI WEZEZIMO
 EZIPHUTHUMAYO ESIFUNDAZWENI LAPHA)**

ISITHASISELO B

ITHEBULA LOKU-1: UKUFAKWA KWAMANANI NGOKUSUSELA OHLOBENI LOMCULO

INTO	IMININGWANE	UMPHUMELA
A. Uhlobo lomcimbi	Imibango ebandakenyekayo	9
	Umcimbi wokudansa (ukudumisa/ukudansa)	8
	(Imigubho Yokuhlukana Unyaka)	7
	(Imicimbi yezemidlalo enezinga elikhulu lokuphazamiseka)	7
	Inkonsathi yomculo	5
	Imiboniso/imibhikisho	5
	Imicimbi yezemidlalo enezinga eliphakathi lokuphazamiseka	5
	Umdlalo wezimoto	4
	Imibukiso yomlilo/ziqhumane	4
	Umbukiso womphakathi	3
	Yasolwandle	3
	Imibukiso yezithuthuthu	3
	Ezokundiza	3
	Imicimbi kazwelonke	3
	Ukuvakasha kwezicukuthwane/isamithi	3
	Umkhosi womculo	3
	Ukunandisa	2
	Umcimbi wezolimo/	2
	Imicimbi yombuso	2
	Umcimbi onezinga elincane lokuphazamiseka	2
	UMPHUMELA WOHLOBO LOMCIMBI	
B. Indawo	Ifaka ukukhempa ubusuku bonke	5
	Indawo yomphakathi esabalele emigwaqeni	4
	Izakhiwo zesokhashana zangaphandle	4
	Ezinye izinto zangaphandle, isb. umgubho	3
	Indawo engaphandle isb. Ipaki, isitediyamu	2
	Ngaphakathi	1
		UMPHUMELA WOHLOBO LWENDAWO
C. Abamile/Abahleli	Abamile	3
	Abaxubile	2
	Abahleli	1
D. Ukuchazwa kwezihlele	Abadala,	4
	Abantwana kanye namajongo namajongosi	4
	Intsha esindala, abaxubile ngokugcwele, abangekho emaqoqweni omndeni	3
	Abaxubile ngokugcwele, abasemaqoqweni omndeni	2
	UMPHUMELA WOKUCHAZWA KWEZITHAMELI	
HLANGANISA: A+B+C+D	IMIPHUMELA ISIYONKE YETHEBULA LOKU-1	

ITHEBULA LESI-2 — UBUHLAKANI BOMCIMBI

INTO	IMINININGWANE	UMPHUMELA
E. Umlando odlulile	Umbhalo omuhle, izinga eliphezulu lokulimala ngaphambilini (>0,2%) noma wmcimbini wokuqala, awukho umbhalo	2
	Umbhalo omuhle, izinga eliphakathi ngaphambilini (0,05% - 0,2%)	1
	Umbhalo omuhle, izinga eliphansi lokulimala ngaphambilini (<0,05%)	-1
F. Izinombolo ezilindelekile	≥ 200 000 < 300 000	70
	≥ 100 000 < 200 000	60
	≥ 90 000 < 100 000	50
	≥ 80 000 < 90 000	46
	≥ 70 000 < 80 000	42
	≥ 60 000 < 70 000	36
	≥ 50 000 < 60 000	32
	≥ 40 000 < 50 000	28
	≥ 30 000 < 40 000	24
	≥ 20 000 < 30 000	20
	≥ 10 000 < 20 000	16
	≥ 5000 < 10 000	8
	≥ 3000 < 5 000	4
> 1000 < 3000	2	
< 1000	1	
HLANGANISA E + F	IMIPHUMELA ISIYONKE YETHEBULA LESI-2	

ITHEBULA LESI-3: OKUNYE OKUMELE KUBHEKWE

INTO	IMININGWANE	UMPHUMELA
G. Isikhathi ezilindelekile ukuthi umcimbi uzosithatha (okufaka phakathi ukuma ulayini)	Amahora ayi-12	3
	Amahora ama-4 < Amahora ayi-12	2
	< Amahora ama-4	1
H. Isikhathi sonyaka (umcimbi wangaphandle)	Ihlobo	2
	Inkwindla, Ubusika, Intwasahlobo	1
I. Ukusondelana nendawo yokunakekela okuqondile (Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo)	Ngaphezu kwemizuzu engama-30 ngasemgwaqeni	2
	Ngaphansi kwemizuzu engama-30 ngasemgwaqeni	0
J. Iminingwane ngokunakekela okuqondile	Isikhungo Esincane Sezimo Eziphuthumayo	3
	Isikhungo Esikhulu Sezimo Eziphuthumayo	2
	Uhlobo Lwezikhungo Eziphuthumayo	1
K. Obunye ubungozi	Umkhosi	1
	Amabhanoyi	1
	Ubungozi bamanzi	1
	Iphalashuthi	1
	Isithombe sasemgwaqeni	1
	Ukusetshenziswa kotshwala ngaphakathi	1
L. Ezinye izakhiwo ngaphakathi	Ukutisha kanye/noma Ukwenza bushelelezi	2
	Umshini wokudayisa	2
	Izakhiwo zokwelapha ezisebenza ngokuphelele ngaphakathi	2
	I-AED ekwazi ukutholwa yowo wonke umuntu	1
HLANGANISA G+H+I+J+K SUSA T L	IMIPHUMELA ISIYONKE YETHEBULA LESI-3	

ITHEBULA LESI-4: UMPHUMELA WOKUGCINA

IMIPHUMELA YAWO WONKE AMATHEBULA AMA-3	ITHEBULA LOKU-1	ITHEBULA LESI-2	ITHEBULA LESI-3	SEKUKONKE

ISITHASISELO C

ITHEBULA LESI-5: IMFUNEKO ENCANE YEZINSIZA

IZINGA LOBUNG OZI	UMPHUM ELA	I- AMBULENSE	ITHIMBA LE- AMBULENSE	BAA	AEA	OWEZIMO EZIPHUTHU MAYO/ECT/ ECP	UDOKOT ELA	UMHLENGIKA ZI OBHALISE KU-PHC	UMXHUMANISI WEZOKWELAPH A
ELINCA NE	<20	0	0	1	1	0	0	0	0
	21-25	0	0	2	2	0	0	0	0
	26-29	1	2	4	2	0	0	0	0
	30-35	1	2	6	2	1	0	0	0
	36-40	1	2	8	2	1	0	0	1
ELIPHA KATHI	41-45	2	4	12	2	1	1	0	1
	46-50	2	4	16	2	2	1	1	1
	51-55	3	6	20	3	3	2	1	1
	56-59	3	6	24	3	3	2	2	1
	60-65	4	8	32	4	4	2	2	1
ELIPHEZ ULU	66-70	5	10	40	5	5	3	3	1
	71-75	6	12	48	6	6	3	3	1
	76-80	8	16	64	8	8	4	4	1
	81-85	10	20	80	10	10	5	5	2
	86 - 100	15	30	120	15	15	6	6	2

TSEBIŠO YA MMUŠO

KGORO YA MAPHELO
NATIONAL HEALTH ACT, 2003 (MOLAO 61 WA 2003)
**MELAWANA YA MABAPI LE THUŠO YA TŠHOGANYETŠO DITIRAGALONG TŠEO
BATHO BA TLILEGO KA MAKATANAMANE**

Nna, Ngaka A Motsoaledi, Tona ya Maphelo, go ya ka dikarolo 90(1)(a), 90(1)(m) le 90(1)(w), di balwa le karolo 43(1) ya National Health Act, 2003 (Molao 61 wa 2003), morago ga ditherišano le Khansele ya Maphelo ya Bosetšhaba (NHC), ke dirile melawana Šetuleng.

ŠETULE
LENANEO LA DIKAGARE

Maikarabelo a morulaganyi wa tiragalo.....	6
Maikarabelo a baabela tirelo ya tša maphelo ditiragalong	7
Tekanyetšo ya sedirišwa sa maphelo	9
Phethagaletšo ya ditirelo tša maphelo tša tšhoganyetšo tiragalong	10
Maikarabelo a molaodi wa profense wa EMS	11
Kgopelo ya tumelelo	12
Tshepetšo ya kgopelo.....	13
Hlamego le maikarabelo a lekala la bofetleki.....	14
Keletšo ka lekala la bofetleki.....	15
Sepheo sa molaodi wa profense wa EMS	15
Boipelaetšo	15
Melato le dikotlo	16
Phetošo ya dinyakwa tše itšego.....	16
Thaetlele ye kopana	16

Dihlalošo

1. Mo melawaneng ye, lentšu goba mmolelwana wo o nago le hlalošo mo Molaong, o na le hlalošo yeo e neilwego mme, ntle le ge tshwaraganyo e laetša ka tsela ye nngwe-

"Mothuši wa tša Tšhoganyetšo ya Ambulense" goba "AEA" o ra motho yo a ngwadišitšwego bjalo le HPCSA go ya ka *Health Professions Act, 1974* (Molao 56 wa 1974);

"Thušo ya Motheo ya Ambulense" goba "BAA" e ra motho yo a ngwadišitšwego bjalo ka seo le HPCSA, go ya ka *Health Professions Act, 1974*(Molao 56 wa 1974);

"kotsi" e ra tiragalo ya tlhago goba yeo e hlotšwego ke batho ya tšwelopele goba ya bonako, yeo e phatlaletšego goba ya selegae ya metsesetoropo yeo e lego ya bogolo bjo bo paledišago bokgoni bja Profense goba masepala mo gare ga Profense yeo e angwago ke kotsi, gore e šomane le ditlamorago tša yona ka go diriša methopo yeo e lego gona mme yeo e nago le tšhošetšo ya go hlola-

- (a) lehu, kgobatšo goba bolwetši;
- (b) tshenyo ya thoto, mananeokgoparara goba tikologo; goba
- (c) tshenyo setšhabeng;

"thušo ya tšhoganyetšo" e ra phološo, phetleko, kalafo le thušoya molwetši goba motho yo a gobetšego seemong seo se hlokagaphetleko, kalafo goba thušo yeo mme le tšwelopele ya kalafo le thušo ka nako ya tshepetšo ya motho yo go ya go, goba magareng ga mafelo a tša maphelo;

"bašomi ba tša thušo ya tšhoganyetšo" ba ra bašomi bao ba ngwadišitšwego le HPCSA ka tlase ga thekgo ya Boto ya Profešenale ya Thušo ya Tšhoganyetšo;

"Mošomi wa Thušo ya Tšhoganyetšo" goba "ECP" o ra motho yo a ngwadišitšwego goHPCSA bjalo ka seo, go ya ka *Health Professions Act, 1974* (Molao 56 wa 1974);

"Tirelo ya tša Maphelo ya Tšhoganyetšo" goba "EMS"e ra sehlongwa goba mokgatlo wo o nago le maikemišetšo, bašomi le didirišwa tša go diragatša ditirelo tša ambulense, sefatanaga sa phološo ya tša maphelo goba phetolo go tša maphelo bakeng sa go phethagaletša thušo ya tšhoganyetšo;

"Molaodi wa Tirelo ya tša Maphelo ya Tšhoganyetšo" e ra motho yo a thwetšwego bjalo ka Molaodi wa maikarabelo bakeng sa Tirelo ya tša Maphelo ya Tšhoganyetšo mme yo a ngwadišitšwego le HPCSA go ya ka *Health Professions Act, 1974*(Molao 56 wa 1974);

"ditirelo tša tšhoganyetšo" di akaretša-

EMS,SAPS, Maphodisa a Toropokgolo, Maphodiša a tša Mebila le Ditirelo tša Mello;

"Tša Maphelo Tikologong" e ra seemo sa merero yeo e sepelelanago le tikologo yeo e amegago, goba seo se ka amago boitekanelo bja monagano, mmele le maphelo a batho;

"Bolaodi bja Maphelo Tikologong" e ra lekala la mmasepala leo le nago le maikarabelo a go nea Ditirelo tša Maphelo tša Masepala;

"tiragalo" e ra tiragalo ya dipapadi, boithabišo, boitapološo, bodumedi, setšo, pontšho goba sehlongwa goba mahlahla a a swanago ao a diragatšwago ao a direlwago lebaleng, sekolong, lefelong goba mmileng goba gare ga lefelo;

"Tirelo ya Maphelo ya Tiragalo" e ra sehlongwa goba mokgatlo wo o nago le maikemišetšo, bašomi le didirišwa tša go šomiša ambulense goba sefatanaga sa tša maphelo bakeng sa go phethagaletša thušo ya tšhoganyetšo kopanong ye kgolo goba tiragalong ya kotsi ye godimo;

"Moabi wa Tirelo ya Maphelo ya Tiragalo" e ra motho wa tša maphelo goba sehlongwa seo se thwetšwego ke morulaganyi wa ditiragalo yo a nago le maikarabelo a phethagaletšo le thulaganyo ya ditirelo tša maphelo le kalafo bakeng sa tiragalo;

"morulaganyi wa tiragalo" o ra motho yo a rulaganyago, laolago, laelago, goba a swerego tiragalo goba ditokelo tša thekgo go, goba morerong ofe goba ofe a laolago goba a nago le kgahlegelo ya go phethagaletša tirelo;

